

Uphiko lokuphenywa kobugebengu lwe-IRS noSARS bakha umbimbi lokulwa nobugebengu bamazwe omhlaba

WASHINGTON & PRETORIA – UPhiko lokuPhenywa kwamaCala oBugebengu eMali eNgenayo IwamaZwe omHlaba i-(IRS-CI) neminyango yokuphoqelela imithetho yoPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (uSARS) bakha umbimbi lokulwa nobugebengu bentela nomnotho okuthinta womabili amazwe.

I-IRS-CI neSARS CI zisebenzisana ngokubambisana ekuhlonzeni, ukuphenya kanye nokuletha ubulungiswa emacaleni ngokuxhumanisa amazwe omabili. Amanye amacula aphenywayo afaka phakathi inkohlakalo yohulumeni wamazwe omhlaba, inkohlakalo ku-inthanethi, kanye nokukhwabaniswa kwemali. Lokhu kusebenzisana okusha sebumbe izikimi ebezisaqalwa ezikhuthazwa abagqugquzel, ongoti bemisebenzi, kanjalo nezikhungo zezimali.

“Ukulwisana nobugebengu bezimali emhlabeni wonke akuyona impi engaliwa yizwe elilodwa. Ukusebenzisana kwethu noPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika maduze kuzoveza imiphumela yalokhu kusebenzisana okube yimpumelelo ngenxa yombimbi lwethu oluqinile nemizamo yokusebenzisana,” kusho uGuy Ficco, uMqondisi weMisebenzi yoMhlaba we-IRS-CI. “Abakhokhintela nongoti bentela abasebenzisa izikimu zaphesheya nezinye izikimu ngenhloso yokugwema intela yase U.S. nemithetho yaseNingizimu Afrika bazobanjwa bashushiswe babhekane nengalo yomthetho.”

“USARS uyakwemukela ukusebenzisana ne-IRS, ikakhulukazi njengoba sivuselele ukugxila kwethu ekungathobelini kwalabo abadla izambane likapondo nalabo abanempahla ephesheya. Okunye kwesikuphokophele ukwenza kube lula kubakhokhintela ukuba zithobele izibophezelo zabo zentela futhi sikwenze kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abangazimisele ngokuthobela,” kusho uKhomishana wakwaSARS, u-Edward Kieswetter. “Sethemba ukuthi lokhu kusebenzisana kuzothela izithelo ezinhle, uma kuflanganiswa amakhono esinawo ngaphakathi njengoba silwisana nezenzo ezingemthetho ezithinta amazwe omabili.”

Okukhulu ngalokhu kusebenzisana phakathi kwamazwe omabili kubandakanya isinyathelo sokuqhubeka nokuqeqesha okuholwa yi-IRS-CI. I-ejensi yentela yase-U.S. iyaqhube ka nokwabelana ngezindlela zokuphenya izindaba zezezimali, ukuqeqesha izisebenzi eziphoqelela umthetho waseNingizimu Afrika kanye nezisebenzi zikahulumeni nokuqhakambisa izindaba ezike zavela ezinkantolo ahambisana nalamazwe omabili.

Ekuqaleni kwalenyanga, i-IRS-CI ibibambe umhlangano wokuqequesha ngokugwema intela phesheya kuzisebenzi zokuphoqelela umthetho ezingama-40 zakwaSARS. Ukuqequesha kuveze isikimu esiyinkimbinkimbi okuqhakambisa amazinga aphezulu obugovu, inkohliso, nokukhohlakala okwenziwa amabhizinisi. Ukuqequesha kubandakanya izindawo eziningi zobugebengu bezimali obusemhlabeni wonke obugxile ezikimini zokubhangal phesheya, ukugwema intela, kanye nokwakhiwa kozungu.